Downloaded from Stanmorephysics.com


**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO.**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.

6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Amaminithi angama-80 |
| ISIQEPHU B: | Amaminithi angama-40 |
| ISIQEPHU C: | Amaminithi angama-30 |

8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha lemibuzo.

9. Nikeza impendulo NGAYINYE isihloko esifanele.

10. UNGAZIBALI izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU A: INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1 Kwaba njalo-ke ukuhlangana kwethu. **[50]**

1.2 Ukubaluleka kokonga imali. **[50]**

1.3 Angikaze ngicabange ukuthi kuyophela kanje. **[50]**

1.4 Bhala umbono wakho ngesihloko esithi:

Ukuphepha nobungozi bengane ephatha imali esikoleni. **[50]**

1.5 Abantu abafundile bayaphumelela empilweni. **[50]**

Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba. Bhala inombolo yombuzo (1.6, 1.7 NOMA 1.8) bese uyinika isihloko indaba yakho.

**QAPHELA:** Indaba yakho mayihambisane nesithombe/nokwenzeka esithombeni.

1.6



[Sicashunwe ku-www.google.com] **[50]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 **INCWADI YOBUNGANI**

Ugogo wakho ukukhulise kahle ngesikhathi abazali bakho beyosebenza phesheya kwezilwandle iminyaka eyi-12.

Bhalela ugogo wakho **incwadi** umbonge. **[30]**

2.2 **UKUBUYEKEZA/ISIBUYEKEZO**

Ubuyobuka ifilimu/isithombe samahlaya esimnandi esinema izolo.

Bhala **ukubuyekeza/isibuyekezo** sale filimu/isithombe ukuze nabanye bafise ukuyibuka. **[30]**

2.3 **INKULUMO ELUNGISELELWE**

Umngani wakho uthole iziqu zemfundo ephakeme. Umndeni wakhe uhlele umcimbi wokumhalalisela, wabe usucela wena ukuthi ukhulumele abangani.

Bhala **inkulumo elungiselelwe** ozoyethula kulo mcimbi. **[30]**

2.4 **INKULUMO-MPENDULWANO/INGXOXO**

UCebo unenkinga yokungezwani nomndeni wakhe, ubone kungcono ayoxoxa nomalume wakhe ukulungisa lesi simo.

Bhala **inkulumompendulwano/ingxoxo** phakathi kukaCebo nomalume wakhe. **[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

### 3.1 IKHADI LESIMEMO

Uhlele ukwenzela umndeni wakwaGumede ongumakhelwane wakho omusha umcimbi wokubamukela endaweni enihlala kuyona.

Bhala **ikhadi lesimemo** ozolithumela kubona. **[20]**

### 3.2 IDAYARI

Uvakashelwe umngani wakho ovela eMelika, uzohlala izinsuku ezi-5.

Bhala **idayari** yezinsuku ezi-5 ngenizokwenza. **[20]**

### 3.3 IMIYALELO-IRESIPHI

Sebenzisa lezi zithako ozinikeziwe ebhokisini elingezansi ukwenza idizethi ozongenela ngayo umncintiswano wokupheka.

| |
|---|
| iphakethe elilodwa lamabhisikidi; |
| ujeli; ukhastadi; i-granadilla pulp; |
| ukhilimu; izithelo ezisethinini |
| nama-strawberries |

Bhala **iresiphi** yokwenza idizethi. **[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**